

## **4. UMHLAHLANDLELA OKHISHWE YIKHOMISHANA YAMALUNGelo ESINTU**

### **4.1 INCAZELO**

- (1) Isigaba se-10 somThetho wokuKhuthaza ukuTholakala koLwazi (umThetho wesi-2 we-2000), (ebizwa ngosomThetho lapha) yaqala ukusebenza mhla ziyi-15 Febhuwari 2002. Lesi sigaba sivumela ukuba iKhomishana yamaLungelo esiNtu, zingakapheli izinyanga eziyishumi nesishiyagalombili emva kokuba lesi sigaba sesisebenza, yenze lo mhlahlandlela wolwazi ube ngazo zonke izilimi ezisemthethweni ngendlela elula futhi efundekayo, ukwenza wonke umuntu odinga ukusebenzisa la malungelo aqukethwe kulo mThetho akwazi ukuyisebenzisa.
- (2) Lo mhlahlandlela kumele ufake incazelo ye
  - (a) -zinjongo zomThetho
  - (b) -kheli, nenombolo yendlu, ncingo, nefeksi, kanye nekheli le-emeyli uma likhona kwalaba abalandelayo
    - (i) wonke umsebenzi osebenza ngezindaba zolwazi ezinhlanganweni zomphakathi
    - (ii) nawo wonke amasekela abasebenzi asebenza ngolwazi lwazo zonke izinkundla zomphakathi
  - (c) yonke le mininingwane yezinhlanganano zikahulumeni kufanele kube yinto elula ukuba yenzeke;
  - (d) indlela namafomu ezicelo zo —
    - (i) kutholakala kwemilando yeminyango kahulumeni; no
    - (ii) kutholakala kwemilando yeminyango yangasese;
  - (e) usizo olutholakala kulowo osebenza ngezolwazi eminyangweni kahulumeni ngoko mThetho;
  - (f) usizo olutholakala kwiKhomishana yamaLungelo esiNtu ngokomthetho;
  - (g) zonke izinto zokulungisa ezikhona emthethweni mayelana nezenzo noma ukuhluleka ukwenza umsebenzi mayelana namalungelo noma nomsebenzi okukhulunywe ngawo noma onqunywe yilo mthetho, kubalwa nendlela yokufaka -
    - (i) isikhalo ngaphakathi; kanye
    - (ii) nesicelo senkantolo sokuphikisa isinqumo esenziwe yilowo osebenza ngolwazi kuhulumeni, isinqumo sokwedluliswa sangaphakathi noma isinqumo salowo ophethe umnyango ozimele;
  - (h) imithetho efuna umnyango kahulumeni kanye nomnyango ozimele ngokulandelana ukuthi uhlanganise incwadi echazayo kanye nokuthi itholakala kanjani leyo ncwadi;

- (i) imithetho efuna ukuba kukhishwe ulwazi ngaphandle kokucela kwezinye izigaba ezithile zamarekhodi eminyango kanye nomnyango ozimele ngokulandelana;
  - (j) izaziso ezikhishwa mayelana nemali ekhokhwayo uma kufakwa izicelo; kanye
  - (k) izilawulo ezenziwe ngokwe sigaba sama-92 salo mThetho.
- (3) IKhomishana yamaLungelo esiNtu kufanele, uma kukhona isidingo, ibheka kabusha, yenze ngcono iphinde ishicilele umhlahlandlela njalo esikhathini esiyiminyaka engekho ngaphezu kweminyaka emibili.

#### **4.2 UBUKHONA NOKUTHOLAKALA KOMHLAHLANDLELELA**

##### **(1) IKHOMISHANA YAMALUNGelo ESINTU**

IKhomishana yamaLungelo esiNtu, kufanele ukuthi ngokushesha okukhulu emva kokuba lo mhlahlandlela usuwenziwe noma wenziwa kabusha —

- (a) yenze ikhophi yalo mhlahlandlela ngazo zonke izilimi ezisemthethweni —
  - (i) yenzele oyinhloko yomnyango kazwelonke obhekene nokuxhumana kukahulumeni nemisebenzi yokwazisa;
  - (ii) yenzele imiSebenzi yomTapo weziNcwadi oseDolobheni lase Bloemfontein
  - (iii) yenzele umTapo weziNcwadi wasePhalamende, eKapa;
  - (iv) yenzele umTapo weziNcwadi waseNatal Society, eMgungundlovu;
  - (v) yenzele umTapo weziNcwadi waseNingizimu Afrika, eKapa
  - (vi) yenzele umTapo weziNcwadi kahulumeni, ePitoli;
  - (vii) yenzele izikhungo zikazwelonke zamafilimu, amavidiyo, imilando elalelwayo elondiwe esePitoli;
  - (viii) yenzele zonke izikhungo zemfundo ephakeme ezisungulwe ngaphansi kwanoma yimuphi umthetho; kanye
  - (ix) Nokuthi yenzele lowo oyinhloko yesikhungo esizimele uma eyicela;
- (b) yenze ikhophi yalo mhlahlandlela itholakale, ngazo zonke izilimi ezisemthethweni —
  - (i) kubasebenzi ababheke imisebenzi yezolwazi abangaphansi kukaHulumeni; kanye
  - (ii) nakuMqondisi-Jikelele: kwezokuXhumana;
- (c) ishicilele lo mhlahlandlela ngazo zonke izilimi kwiGazethi ahulumeni;
- (d) yenze ukuthi kube khona ikhophi yalo mhlahlandlela ngazo zonke izilimi ezisemthethweni ukuze umphakathi ukwazi ukuwuhlola ngesikhathi somsebenzi emahhovisi eKhomishana

- yamaLungelo esiNtu; kanye nokuthi
- (e) yenze ikhophi yalo mhlahlandlela ukuthi itholakale kwi webhusayidi yeKhomishana yamaLungelo esiNtu ethi <http://www.sahrc.org.za>.
- (2) UMSEBENZI OSEBENZA NGOLWAZI: UMN YANGO WOBULUNGISWA NOKUTHUTHUKA KOMTHETHOSISEKELO
- (a) Ikhophi yalo mhlahlandlela izoba khona ngazo zonke izilimi ezisemthethweni **KUWO WONKE AMAHHOVISI EZIMANTSHI**; futhi
- (b) Okungenani ikhophi eyodwa yalo mhlahlandlela, ebhalwe okungenani ngezilimu ezimbili ezisemthethweni ezisetshenziselwa umsebenzi wezidingo zikahulumeni wesifundazwe izoba khona **KUWO WONKE AMAHHOVISI** ezoMnyango webuLungiswa neNtuthuko yomThethosisekelo.
- (3) UMSEBENZI OPHETHE EZOLWAZI: IZIKHUNGO ZIKAHULUMENI
- Kuwo **WONKE AMAHHOVISI EZIKHUNGO ZIKAHULUMENI** kuzoba khona okungenani ikhophi eyodwa, okungenani ngezilimi ezimbili ezisetshenziselwa izidingo zikahulumeni wesifundazwe lapho lelo hhovisi likhona.
- Qaphela: “Isikhungo sika Hulumeni” sisho ukuthi —
- (a) yinoma imuphi umnyango kahulumeni noma amahhovisi kahulumeni kuzwelonke noma esifundazweni angaphansi kukahulumeni noma umasipala, kohulumeni basekhaya (isib: UPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa aseNingizimu Afrika, UPhiko lwezemiSebenzi yokuHlunyeleliswa kweziMilo, njll.); noma
- (b) isiphi esinye isikhungo esisebenzayo uma —
- (i) sisebenzisa amandla aso noma senza umsebenzi ngokomThethosisekelo noma ngokomthetho sisekelo wesifundazwe; noma.
- (ii) sisebenzisa amandla ngokukahulumeni noma senza umsebenzi ngaphansi kwanoma yimuphi umthetho; (isib:UmCwaningi–jikelele wamaBhuku, umVikeli womPhakathi, njll.)
- (4) UMQONDISI JIKELELE: WEZOKUXHUMANA
- Kuwo **WONKE AMAPOSI**, kuzoba khona okungenani ikhophi eyodwa yomhlahlandlela, okungenani ngezilimi ezimbili ezisetshenziselwa izidingo zikahulumeni kuleso sifundazwe lapho lelo posi likhona.

(5) INHLOKO EPHETHE IHHOVISI, EVEZWE ESIGABENI SESI (2),(3) NO (4) KANYE NOMUNTU OPHETHE IPOSI

Inhloko yehhovisi, evezwe kulezi zigaba (2), (3) no (4), lapho umhlahlandlela okufanele ibe khona, futhi umuntu ophethe eposini —

- (a) kufanele, ngezikhathi zomsebenzi futhi noma ecelwa, kube khona ikhophi yomhlahlandlela ngolimi olusemthethweni olukhona uma umphakathi kukhona ofuna ukukuhlola;
- (b) akufanele bakhokhiswe imali uma befuna ukuhlola; futhi
- (c) kumele, uma umuntu edinga ikhophi yomqulu ingxenye ethile yayo ngaphandle kokufuna ukuhlola okuthile, ngezikhathi zomsebenzi, ahlawuliswe noma akhokhiswe imali ebekiwe – la manani abekiwe esigabeni sokuqala sesithasiselo soku-A, semithetho [njengoba ishicilelwe kwiGazethi (inombolo yayo ama-23119 kamhla ziyi-15 Februari 2002 (kwisaziso sikaHulumeni esingunombolo-R.187 ka mhla ziyi-15 Februari 2002)].

**5. ISICELO SOKWAZI UKUTHOLA ULWAZI OLULAWULWA NOMA OLUPHETHWE UPHIKO LWEZEMISEBENZI YAMAPHOYISA**

**5.1 INJONGO YALO MTHETHO**

Injongo yalo mthetho ukwazi ukwenza ukuthi kutholakale amalungelo ngokomthethosisekelo, ukuze kwazeke ukutholakala kwemibiko noma ulwazi, olungaphansi noma oluphethwe nguHulumeni noma imuphi umbiko obanjwe noma ophethwe ngomunye umuntu futhi oludingekayo ukuze kwazeke noma kuvikeleke noma imaphi amalungelo. Umgomo ukukhuthaza isiko lokubeka izinto obala kanye nokukwazi ukuzibophezela ezikhungweni zikahulumeni nalezo ezizimele ukutholakala kanye nokukhuthaza kakhulu isizwe lapho abantu baseNingizimu Afrika bekwazi ukuthola imibiko ukuze bakwazi ukuthi bavikele amalungelo abo ngokwanele.

**5.2 IMININGWANE ENGACELWA**

Noma yimiphi imininingwane ekhona ebhalwe phansi ungacelwa. —

- (1) kungakhethi indlela noma ulimi;
- (2) osezandleni noma ongaphansi koPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa noma ngaphansi komunye umnyango ongaphansi kahulumeni; kanye
- (3) noma ngabe yenziwa yilona uPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa noma lowo mnyango kahulumeni.

**5.3 UKUSETSHENZISWA KWALO MTHETHO**

**(1) UKUNGAFAKWA KOKUNYE OKUBALIWE KWEMINYE IMITHETHO**

Lo mThetho usebenza lapho eminye imithetho emisiwe ingafakwanga,

engavimbela noma enqumela ukungakhishwa kwerekhodi futhi ingahambisani nemibandela engaphansi kwalo mThetho.

**(2) IZIZATHU ZOKUNGAVUMI UKUTHI KUTHOLAKALE ULWAZI OLUGCINIWE**

Isahluko sesi-4 salo mThetho, "Izizathu zokunqabela ukutholakala kwemilando eyenziwe", sibeka umbandela wokuthi ngokwalo mThetho isicelo sokuthola ulwazi olugciniwe singamukeleka noma singemukeleki.

**(3) IZINHLANGANO ZABASEBENZI**

Inhlangano yabasebenzi inelungelo lokukwazi ukuthola olunye lolwazi olugciniwe ngokwesigaba se-16 somThetho obhekele izindaba zabaSebenzi, we-1995 (umThetho wama-66 we-1995). UmThetho awusebenzi uma inhlangano yabasebenzi icela ulwazi olugciniwe ukuze ikwazi ukusiza umqashwa mayelana nesikhalo noma ukuqhubeka kokuqondiswa kwezigwegwe (ukuthola lolu lwazi olugciniwe kumahhala ngokomThetho obhekele izindaba zabaSebenzi, we-1995 (umThetho wama-66 we-1995).

Uma inhlangano yabasebenzi icela ukuthi ithole ulwazi kodwa olungeke kusetshenziselwe ukusiza umqashwa ngesikhathi sokuqondiswa izigwegwe noma ukusiza umqashwa ofake isikhalo, isicelo siyohanjiswa emnyangweni ofanele okungaba sezingeni likazwelonke noma lesifundazwe okuyiwona obhekele izindaba zabasebenzi kulelo zinga lesifundazwe noma likazwelonke. Lowo mnyango uyoveza ukuthi lolu lwazi olugciniwe ngabe luyahambisana yini nezingxoxo eziqhubekayo nenhlangano yabasebenzi. Uma kunjalo, ikhophi yolwazi olugciniwe iyohlinzekwa inhlangano mahhala ngokwesigaba se-16 somThetho obhekele izindaba zabaSebenzi.

**(4) UKUQHUTSHWA KWEMISEBENZI EMAYELANA NOBULELESI NOMA UMSEBENZI WOMPHEKATHI (OKUBANDAKANYA UKUQONDISWA KWEZIGWEGWE KANYE NOKWETHULA IZIKHALO)**

- (a) UmThetho awusebenzi (njengoba kuhlinzekiwe esigabeni sesi-7 somThetho) emininigwaneni yoPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa egciniwe uma-
- (i) lolu lwazi olugciniwe **ludingeka ngenxa yokuqhuba izinhloso zobulelesi noma imisebenzi yomphakathi;**
  - (ii) **kucelwa emva kokuba seyiqalile** leyo nqubo okungaba eyokuqondiswa kwezigwegwe noma umsebenzi womphakathi; kanye

- (iii) ukukhishwa nokutholakala kolwazi olugciniwe ngenhloso evezwe esigabeni (i) **kuyahlinzekwa kunoma yimuphi omunye umthetho.**
- (b) Noma yiluphi ulwazi olugciniwe olutholakale ngendlela **ephikisana** nesigaba (a) **angeke lwamukelwe ngjengobufakazi ecaleni noma ekuqhutshweni kwamacala omphakathi** ngaphandle uma ukungasetshenziswa kwalolo lwazi, ngokwalo, kungalimaza umsebenzi wobulungiswa ngandlela thile.
- (c) Inqubo yokuthethwa kwecala iqala uma icala selibhalisiwe ebhukwini  
lamacala oPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa ICAS. Ukuthethwa kwamacala omphakathi kuqala emva kokuba sekukhishwe amasamaniso noma kukhishwe ezinye izinto, kubandakanya emva kokuba isaziso saleso sikhungo somthetho siqhubeka ngaphandle koPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa ngokwesigaba sesi-3 (1) somthethosisekelo sokusebenza komThetho umelene nomThetho weziNhlaka eziThile zikaHulumeni, we-2002 (umThetho wama-40 we-2002) usutholakele. Indlela ejwayelekile yokuwuthola kumele ilandelwe, noma uma kwenzeka kusetshenziswe amasamaniso okubizela enkantolo, ukuze kutholakale indlela yokuthola lolu lwazi olugciniwe kulelo cala. Kumele kuqapheleke ukuthi ngaphambi kokuthi kukhishwe amasamaniso kanye namanye amaphepha noma isaziso mayelana nalo mThetho, umThetho uyosebenza kunoma yisiphi isicelo sokuthola ulwazi olugciniwe, ngisho ngabe isicelo senziwa ngenhloso yokubona umthetho wenqubo yemisebenzi yomphakathi.
- (5) **AMACALA AVULIWE**  
***Qaphela ukuthi indlela yokuthola umbiko wengozi awubandakanyi indlela yokuthola amarekhodi asecaleni elivuliwe njengoba sekuxoxiwe kulesi sigaba. Ukuthola umbiko wengozi kudingidwa ecaleni esigabeni sesi-7.***
- (a) **ISICELO ESIFAKWA UMSOLWA (NOMA LABO ABAMMELE) SOKUTHI KUTHOLAKALE IKHOPHI YESITATIMENDE SAKHE ESISECALENI ELIVULIWE**  
UmThetho awusebenzi. Isicelo siyomukeleka nemvume iyotholakala mahhala (njengoba eminye imithetho isikuhlinzekile lokho).

**(b) ISICELO ESIFAKWA UMSOLWA (NOMA LABO ABAMMELE) SOKUTHI KUTHHOLAKALE IKHOPHI YANOMA YILIPHI IREKHODI ELISECALENI ELIVULIWE**

UmThetho awusebenzi uma sekuze kwaqala ukuthethwa kwecala. Isicelo kumele senziwe ngokuth ikubhalwe (incwadi) futhi kumele kucaciswe yonke imininingwane yesicelo. Isicelo siyohanjiswa kumshushisi womphakathi kanye nedokodo lamaphoyisa kanjalo nezincomo zomphenyi wecala. Lowo ofake isicelo uyokwaziswa ngokuhanjiswa kwencwadi yakhe kumshushisi womphakathi kanjalo nomphumela (uma umshushisi womphakathi ebanika ilungelo lalokho, amakhophi ayonikwa umsolwa mahhala).

**(c) ISICELO ESIFAKWA YINOMA NGUBANI (KUNGESIYE UMSOLWA NOMA LABO ABAMMELE) SOKUTHI KUTHOLAKALE IKHOPHI YEREKHODI ELISECALENI ELIVULIWE**

Isekela lesiKhulu semininingwane esiqondene siyocubungula leso sicelo bese liqinisekisa ukuthi lowo ofake isicelo ugqwalisa ifomu lokufaka isicelo nokuthi imali yokufaka isicelo iyakhokhwa uma kufanele (isib. uma lowo ofake isicelo engesiye ohlukunyeziwe noma ufakazi ecaleni). Isicelo siyodluliselwa kumshushisi womphakathi kanye nedokodo lamaphoyisa nezincomo zomphenyi wecala.

Lowo ofake isicelo uyokwaziswa ngokuhanjiswa kwencwadi yakhe kumshushisi womphakathi kanjalo nomphumela. Uma umshushisi womphakathi ebanika ilungelo llokuthi bayithole imvume, bangavunyelwa uma sebeyikhokhile imali yokukhishwa kwayo.

**(6) AMACALA AVALIWE**

**(a) ISICELO ESIFAKWA YINOMA YIMUPHI UMUNTU MAYELANA NEKHOPHI YEREKHODI ELISECALENI ELIVALIWE**

Iphini eliqondene elisebenza ngolwazi liyobhekana nesicelo njengoba kuvuma umThetho (okuwukuqinisekisa ukuthi ifomu lesicelo ligqwaliswe ngokugcwele, ngokuliyisa kukhomanda womphenyi oqondene ukuze athathe isinqumo, ukuqinisekisa ukuthi imali yokufaka isicelo ikhokhiwe uma kudingeka, ukwazisa abantu besithathu abathintekayo mayelana nesicelo, njll).

**(7) IMIBIKO YEZINGOZI**

Uma uPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa seludlulisele umbiko

wengozi emnyangweni wezokuThutha noma komunye umnyango oqondene noma isikhungo (isib. Metro) uma sitholakala isicelo, iphini elisebenza ngolwazi liyodlulisela isicelo emnyangweni noma esikhungweni esifanele. Uma lowo ofake isicelo ekhona ngokwakhe, angaziswa ukuthi angacela umbiko emnyangweni noma esikhungweni esiqondene.

Imvume yomshushisi womphakathi ayidingeki ukuze kutholakale umbiko wengozi yomgwaqo osecaleni elivuliwe ohlangothini olwalubandakanyeka engozini noma kulowo muntu ommele noma lowo muntu ogunyazwe uyena (uma linikeziwe iphepha eliyisiqiniseki). IsiKhwama seziNgozi zemiGwaqo noma labo abasimele kumele benze isicelo esibhaliwe (incwadi) kanye nawo wonke amarekhodi amayelana nengozi kuhlinzekwa ngesihle esiKhwameni seziNgozi zemiGwaqo.

Uma i-OAR isaphethwe noma isalawulwa uPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa, kuyolandelwa le nqubo elandelayo-

**(a) ISICELO SOKUTHOLA UMBIKO WENGOZI ESIFAKWA YILOWO OBANDAKANYEKE ENGOZINI**

Iphini elisebenza ngolwazi eliqondene noma umqashwa osebenza ngezicelo zemibiko yezingozi uyodingida lesi sicelo. Umuntu ofaka isicelo kumele agcwalise ifomu lokufaka isicelo bese isisebenzi sokuthula (isib. iphoyisa) noma imantshi kumele basethifaye leli fomu endaweni efanele. Lowo ofaka isicelo akakhokhi imali yokufaka isicelo, kodwa-ke ngaphambi kokuthi kutholakale imvume, imali enqunyiwe iyakhokhwa ikhokhelwa ikhasi ngalinye okumele lifothokhophiwe.

**(b) ISICELO SOKUTHOLA UMBIKO WENGOZI ESIFAKWA NGUMUNTU OGUNYAZWE YILOWO OBANDAKANYEKA ENGOZINI (Isib. ummeli inkampani yomshuwalense, njll)**

Iphini elisebenza ngolwazi noma umqashwa osebenza ngezicelo zemibiko yezingozi uyodingida lesi sicelo. Lowo ofake isicelo kumele agcwalise ifomu bese efaka isiqiniseko samandla (isib. amandla ommeli) uma kukhona isiqinisekiso samandla esifakiwe, isisebenzi sokuthula noma imantshi akudingekile ukuthi basethifaye ifomu lesicelo. Uma singekho isiqiniseko samandla esifakiwe ifomu lokufaka isicelo kumele lisethifaywe yisisebenzi sokuthula endaweni efanele. Lowo ofaka isicelo akakhokhi imali yokufaka isicelo, kodwa-ke ngaphambi kokuthi kutholakale imvume, imali enqunyiwe iyakhokhwa ikhokhelwa ikhasi ngalinye okumele lifothokhophiwe.

(c) **ISICELO ESIFAKWA UMUNTUONGABANDAKANYEKANGA ENGOZINI NOMA ONGAGUNYAZWANGA UKWENZE NJALO YILOWO OBANDAKANYEKE ENGOZINI**

Iphini elisebenza ngolwazi eliqondene liyosebenza ngesicelo njengokuhlinzekwe umThetho (okuwukuthi ukuqinisekisa ukuthi ifomu lokufaka isicelo ligcwalisiwe, ukuqinisekisa ukuthi imali yokufaka isicelo ikhokhiwe, ukuqinisekisa ukuthi imali yokwenza amakhophi ikhokhiwe, njll.). Uma umbiko wengozi usedokodweni elivuliwe, isicelo siyohanjiswa kumshushisi womphakathi kanye nedokodo lamaphoyisa kanjalo nezincomo ezivela kumphenyi wecala oqondene. Lowo ofake isicelo uyokwaziswa ngokudluliselwa kwesicelo kumshushisi womphakathi kanye nomphumela walokho. Uma umshushisi enikeza imvume yalokho, ilungelo lokuthi siphumelele isicelo lyonikwa emva kokuba sekukhokhwe imali efanele yokwenza amakhophi.

(8) **IREKHODI ELIPHETHE IMINININGWANE YOMQASHWA EMAYELANA NESIMO SEMPILO YOMZIMBA NOMA YENGQONDO**

- (a) UmThetho umchaza kanje uchwepheshe wezempilo:  
“umuntu owenza noma obhalisiwe ngokomthetho wokwenza umsebenzi obandakanya ukuhlinzekwa kokunakekela noma ukwelapha abagula emzimbeni nasengqondweni noma ukuze abantu baphile kahle”
- (b) noma yisiphi isicelo sokuthola amarekhodi noma umbiko esiphethe imininingwane yokuphila ngokomzimba nangokwengqondo komqashwa eliphethwe noma elilawulwa uPhiko lwezemiSebnzi yamaPhoyisa, liyoletwa kwiphini elisebenza ngolwazi elifanele, eliyosebenza ngalo mayelana nokushiwo umThetho, futhi uma kwenzeka kube mayelana nesigaba sama-30 somThetho.
- (c) Uma lowo ofake isicelo **ENGESIYENA-**
- (i) umqashwa okuqondene naye irekhodi noma umbiko ocelwayo; noma
  - (ii) ebambe isikhundla somqashwa ongumnini werekhodi noma umbiko ocelwayo (isib. lowo ofake isicelo akusiye lowo omele umqashwa ngokomthetho noma akusiye umuntu obhale isigunyazo esigunyaza umqashwa ukuthi ambambe, njll), iphini elisebenza ngolwazi liyosebenza ngaleso sicelo njengoba kuhlinzeka umThetho. Uma kunjalo, umqashwa okungawakhe la marekhodi noma imibiko, “ungumuntu wesithathu”

(ISAPS 512 (n) kumele igcwaliswe, imali yokufaka isicelo kumele ikhokhwe, umuntu wesithathu kumele aziswe, njll.).

- (d) uma lowo ofake isicelo—
- (i) kungumqashwa okuqondene naye irekhodi noma umbiko ocelwayo; noma
  - (ii) ebambe isikhundla somqashwa ongumnini werekhodi noma umbiko ocelwayo (isib. lowo ofake isicelo akusiye lowo omele umqashwa ngokomthetho noma akusiye umuntu obhale isigunyazo esigunyaza umqashwa ukuthi ambambe, njll), yile nqubo elandelayo ezolandelwa:
    - (i) uma uchwepheshe wezokwelapha **ENGAZANGE AQINISEKISE NOMA ASHO** ngokuthi abhale ukuthi ukuvezwa kwamarekhodi noma kombiko kumqashwa aqondene naye angase noma angaba yingozi empilweni yakhe yokomzimba neyengqondo, iphini elisebenza ngolwazi liyo—
      - (aa) cela loyo ofake isicelo sokuthi lo muntu okucelwe kuye amarekhodi kumele akhethe uchwepheshe wezempilo – (*Lokhu kwenzeka ngokugcwalisa ifomu iSAPS 512 (p) engxenye yalo yoku-A kanye neye-C iyosulwa bese kuhanjiswa ifomu kulowo ofake isicelo*); kanye
      - (bb) emveni kokuba esekhethiwe uchwepheshe wezempilo ekhethwe ngumuntu oqondene namarekhodi aceliwe, liyoxhumana nalowo chwepheshe ukuthola ukuthi ngabe ukuvezwa obala kwerekhodi noma umbiko kumuntu eliqondene naye kungaba yini yingozi empilweni yakhe yokomzimba neyengqondo – (*Lokhu kwenziwa ngokugcwalisa nokuhambisa ifomu iSAPS 512(q) lihambisane nerekhodi noma umbiko wokwelashwa kulowo chwepheshe wezempilo okhethiwe*)
    - (ii) Uma uchwepheshe wezempilo **EQINISEKISILE NOMA ESHILO** ngokuthi abhale ukuthi ukuvezwa obala kwerekhodi noma umbiko kumqashwa oqondene nawo kungase kwenze ukuthi kube nengozi empilweni yakhe yokomzimba nona kweyengqondo, iphini elisebenza ngolwazi liyo—
      - (aa) uma uchwepheshe wezempilo esho waqinisekisa ukuthi ukuvezwa obala kwerekhodi noma

kombiko kumuntu oqondene naye angeke kwaba nengozi engako empilweni yakhe yomzimba noma yengqondo —

- liyokwazisa lowo ofake isicelo ngokuthi libhale umbono kachwepheshe wezempilo bese lifaka ifomu iSAPS 512(e) ukwazisa lowo ofake isicelo ukuthi yimalini okumele ayikhokhe ngaphambi kokuthi anikezwe imvume; kanye
- uma sekutholakale ubufakazi bokuthi imali okufanele ikhokhwe isikhokhiwe, liyohlinzeka lowo ofake isicelo ngamakhophi alawo marekhodi noma umbiko;

(bb) uma lowo chwepheshe wezempilo ekubeke kwacaca ukuthi ukuvezwa obala kwerekhodi noma umbiko kumuntu oqondene naye kuyoletha ubunzima obukhulu empilweni yakhe yokomzimba neyengqondo —

- liyokwazisa lowo ofake isicelo ngokuthi libhale umbono kadokotela bese lifaka nefomu eligcwalisiwe i-SAPS 512 (p) – *(kuleli fomu lowo ofake isicelo uyacelwa ukuthi akhethe umeluleki ozomeluleka noma ozohlela njengoba bekwenzeka ngaphambi, ngesikhathi noma emva kokuthi kuvezwe obala irekhodi noma umbiko ukuze kubalekelwe ukulimaza lowo muntu)*

(iii) uma esekhethiwe umeluleki, iphini elisebenza ngolwazi liyo—

- (aa) liyokwazisa lowo ofake isicelo ngokuthi libhale ukuthi ikhophi yerekhodi noma umbiko liyohanjiswa kumeluleki okhethiwe emveni kokuba sekutholakale isiqiniseko sokuthi isikhokhiwe imali edingekayo;
- (bb) liyofaka ifomu eligcwalisiwe iSAPS 512 (e) emayelana nemali enqunyiwe okumele ikhokhwe; kanye
- (cc) uma sesitholakele isiqiniseko sokuthi kukhokhiwe, kuyohanjiswa irekhodi lelo noma umbiko kulowo meluleki okhethiwe ngokugcwalisa nokuhambisa ifomu iSAPS 512

(r) kanye nekhophi yerekhodi noma umbiko-*(kwifomu iSAPS 512 (r) umeluleki okhethiwe uyocelwa ukuthi aluleke noma ahlele njengoba kade kwenzeka ngaphambi, ngesikhathi noma emva kokuvezwa obala kwerekhodi, ukunciphisa noma ukuvimba ukuthi lowo muntu oqondene nerekhodi angalimali, lowo meluleki uyokwaziswa ukuthi angaliveza obala irekhodi noma umbiko uma esebona ukuthi isikhathi sesifikile).*

**(9) IZINHLAKA ZIKAHULUMENI**

- (a) ngokomThetho, “uhlaka lukahulumeni” alufakiwe encazelweni “yalowo ofake isicelo”. Uhlaka lukahulumeni lungachazwa njengesikhungo esisebenzisa amandla omphakathi noma esenza imisebenzi yomphakathi ngokomthetho. Ngakho-ke “uhlaka lukahulumeni” lungaziwa “njengento kahulumeni yokwenza umsebenzi” noma “isigungu sikahulumeni”.
- (b) umThetho awusebenzi uma uhlaka lukahulumeni lucela ukuthola amarekhodi kolunye uhlaka lukahulumeni. Isicelo sokuthola irekhodi kolunye uhlaka lukahulumeni kuthathwa njengesicelo esenzeka ngaphakathi kweminyango sokuthola amarekhodi aphethwe olunye uhlaka lukahulumeni, okungaba uPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa.
- (c) UmSebenzi (*ongesilo iphini elisebenza ngolwazi*) okubekwe ngaphansi kwakhe irekhodi futhi osebenza ukubhekana nodaba olumayelana nerekhodi, uyo-
  - (i) cubungula isicelo; aphinde
  - (ii) anqume ukuthi ngabe kufanele yini ukuthi ikhophi yerekhodi inikezelwe ohlakeni lukahulumeni oluyicelile.
- (d) Uma kunqunywe ukuthi **ingahlinzekwa** le khophi yerekhodi, lolo hlaka lukahulumeni kuyomele laziswe ngaleso sinqumo. Uma kunqunywe ukuthi **lunikwe**, ikhophi yerekhodi iyonikezwa ngesihle. Uhlaka lukahulumeni alukhokhi imali yesicelo noma imali yokuthola irekhodi.
- (e) Ifomu yokufaka isicelo okuyi SAPS 512 (n) noma iFomu A, njengoba kuveziwe kwinqubo yomthetho, akumele igcwaliswe.
- (f) UmSebenzi kuyomele abe nesiqiniseko sokuthi ngabe lowo ofaka isicelo uhlaka lukahulumeni yini noma cha. Isicelo esivela ohlakeni lukahulumeni esibhalwe ephepheni

elinophawu lwalolo hlaka siyokwamukeleka njengobufakazi bokuthi isicelo senziwe uhlaka lukahulumeni. Uma uhlaka lukahulumeni lwenze isivumelwano nomunye umuntu (isib. umhlaziyi noma isithunywa), incwadi akathunywa ngayo lowo muntu kuyomele ibe ngubufakazi bokuthi ngempela isicelo senziwa uhlaka lukahulumeni.

**(10) ISIGABA SE-102 SOKUBUZA MAYELANA NOMTHETHO WOKULAWULWA KWEZIBHAMU (UMTHETHO WAMA-60 WE-2000)**

- (a) Ngokwesigaba se-102 somThetho wokuLawulwa kweziBhamu, we-2000 (umThetho wama-60 we-2000), uKhomishana kaZwelonke anganquma ukuthi umuntu othile akekho esimeni sokuphatha isibhamu ngokwaleso sigaba. Ukuthola ukuthi lowo muntu akufanele apha the isibhamu, uPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa aseNingizimu Afrika lungaba nesikhathi sokubuza lowo muntu ukuthi kungani kungafanele ukuthi kuthiwe akekho esimeni esihle ngokwempilo yakhe.
- (b) Isigaba se-102 semibuzo sithathwa njengesenzo sokuphatha esingaba nomthelela ongemuhla emelungelweni noma lokho okulindelwe ngumuntu ophenywayo noma ofakwa imibuzo. UPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa aseNingizimu Afrika luyosebenzisa lokho okuhlinzekwa isigaba sesi-3 somThetho wokuKhuthaza ubuLungiswa bezokuPhatha, we-2000 (umThetho wesi-3 we-2000) hhayi umThetho wokuKhuthaza ukuTholakala koLwazi, we-2000 (umThetho wesi-2 we-2000). Isicelo akumele neze ukuthi sihanjiswe kwiPhini eliSebenza ngoLwazi.
- (c) Uhlangothi noma umuntu othintekayo angacela ukuthola amarekhodi noma amakhophi amarekhodi athile (isib. amakhophi ezitatimende zezinye izinhlangothi, njll.) apethwe noma alawulwa uPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa. Lawo marekhodi angaba nezinsolo uPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa olungazibhekisa ohlangothini oluthintekayo. Ukutholakala kwalawo marekhodi noma amakhophi kufanele kwenziwe kube ngokwesihle ohlangothini oluthintekayo kusenesikhathi ngaphambi kokufakwa kwemibuzo ukuze lowo othintekayo akwazi ukuthi azilungiselele ukuthi akwazi ukuphendula ngalezo zinsolo abekwe zona.

**5.4 IMALI EKHOKHWAYO**

UmThetho wokuKhuthaza ukuTholakala koLwazi noma imibiko, we-2000 (UmThetho we-2 we-2000): Imithetho [njengoba ishicilelwe kwiGazethi (No

23119) yomhla ziyi-15 Februari 2002 (Isazisi sikaHulumeni senombolo R. 187 somhla ziyi-15 Febhuwari 2002] inganquma noma imise amanani akhokhwayo ukuze kutholakale amarekhodi.

**5.5 INDLELA YOKUCELA UKUTHOLA IREKHODI ELIPHETHWE NOMA ELILAWULWA UPHIKO LWEZEMISEBENZI YAMAPHOYISA**

UKhomishana kaZwelonke: woPhiko lwezemiSebenzi yamaPhoyisa aseNingizimu Afrika, useqoke iPhini likaZwelonke eliSebenza ngoLwazi futhi wakhetha amaphini asebenza ngolwazi kuzo zonke izingxenye, nezifundazwe, neziyingi kanye neziteshi zamaphoyisa ukuze kusetshenziswe lo mThetho. (Bheka isigaba sesi-3 "IMINININGWANE LAPHO KUTHOLAKALA KHONA IPHINI ELISEBENZA NGEZOLWAZI)

**(1) THOLA IFOMU LOKUFAKA ISICELO**

Thola ifomu lokufaka isicelo [SAPS 512 (n)] ngokuthi—

- (a) wena ngokwakho uzitholele lona esisebenzini esisebenza ngolwazi esiteshini esiseduze; noma
- (b) ngokushaya ucingo, u-emeyle noma ubhale incwadi ubhalele iphini elisebenza ngolwazi ucele ukuthi lelo fomu lifekswe noma liposwe (noma lithunyelwe nge-emeyli uma lelo phini elisebenza ngolwazi lingakwazi ukukwenza lokho) liposelwe kulowo ofake isicelo ekhelini noma inombolo ayihlinzekile.

*(iFomu A lemiGomo esemThethweni lingasetshenziswa njengefomu lokufaka isicelo*

**(2) GCWALISA NGOKUGCWELE IFOMU LESICELO BESE ULIHAMBISA KWIPHINI ELISEBENZA NGOLWAZI**

**(a) USIZO OLUVELA KWIPHINI ELISEBENZA NGOLWAZI**

Iphini elisebenza ngolwazi lingasiza lowo ofake isicelo ngesicelo sokuthola amarekhodi ukuqinisekisa ukuthi isicelo siyahambisana nezidingo zomThetho. Iphini likaZwelonke elisebenza ngolwazi lingathintwa uma lowo ofake isicelo engazi ukuthi ubani iphini elisebenza ngolwazi eliqondene.

**(b) GCWALISA IFOMU LESICELO**

**(i) UMA IFOMU LESICELO LINGAGCWALISIWE NGOKUGCWELE**

Iphini elisebenza ngolwazi lingasenqaba isicelo uma ifomu lingagcwalisiwe ngokugcwele noma kahle. Iphini elisebenza ngolwazi lingazisa lowo ofake isicelo ngokuthi libhale ifomu leSaziso sokuFuna ukwEnqaba i[SAPS 512 (c)] ngesizathu sakhe sokungasemukeli isicelo. Uma kwenzeka kanjalo, lowo ofake isicelo

angahlinzeka ngemininingwane egcwele mayelana nesicelo.

**(ii) IREKHODI ELICELIWE ELINEMININGWANE YOMUNTU OFAKE ISICELO**

Uma lowo ofake isicelo ecela amarekhodi aqukethe imininingwane yakhe, kumele ahambise ifomu lakhe esiteshini samaphoyisa esiseduzane kufanele alisayine phambi kwephoyisa noma isisebenzi sokuthula basethifaye kwikholamu efanele leli elisayinwe yilowo ofake isicelo phambi kwabo. Lowo muntu osayina ifomu kanye nenombolo kamasizi evela kwifomu, kusengumuntu oyedwa.

**(iii) LOWO OFAKA ISICELO UMELWE NGOMUNYE UMUNTU**

Uma kuyilowo omele noma obembele umuntu omele lowo omininingwane yakhe iserekhodini eliceliwe, loyo muntu (isib. ummeli, inkampani yomshuwalense, noma yimuphi umuntu ombambeke, njll.) kumele baqinisekise ukuthi ifomu lesicelo eligcwalisiwe lihambisana namaphepha adingekayo. (“iphepha eliyisiqiniseko samandla” kusho iphepha elinelisa iphini elisebenza ngolwazi ukuthi ngempela lowo ofake isicelo umanandla okufaka isicelo sokuthola amarekhodi esikhundleni somuntu othile). Lawo maphepha anesiqiniseko, phakathi kwezinye izinto, angaba—

- Amandla ajwayelekile noma akhethekile ommeli;
- Ikhophi esethifayiwe yesitifiketi sokuzalwa sengane kanye nekhophi esethifayiwe yomzali;
- Incwadi ebhalwe yilowo ofakelwa isicelo, egunyaza lowo ofaka isicelo ukuthi amfakele isicelo kanjalo nesitifiketi esikhushwe yisisebenzi sokuthula, siqinisekisa ukuthi uzenelisile ngokuthi lowo ofakelwa isicelo uyena obhale incwadi egunyaza lowo omfakela isicelo ukuthi amfakele isicelo;
- Incwadi yokuqokwa njengmahluleli wombuso ekhishwe yinkantolo ePhakeme, kanye nesiqiniseko sikamazisi uma isicelo senzela umuntu oshonile;

- Uma isicelo senzela isigungu esinabantu abaningi, incwadi ebhalwe umuntu ogunyaziwe egunyaza lowo ofake isicelo ukuthi afake isicelo; noma
- Incwadi engumyalelo wesiKhwama seziNgozi zemiGwaqo uma kungummeli (noma omunye umuntu) osebenza ngomyalelo wesiKhwama seziNgozi zemiGwaqo.

**(c) HAMBISA IFOMU LESICELO ELIGCWALISIWE**

Ifomu lesicelo eligcwaliswe kahle kumele lihanjise (ngesandla, ngeposi noma ngefeksi) e—

- (i) kwiphini eliqondene elisebenza ngolwazi; noma
- (ii) kwiphini elisebenza ngolwazi esiteshini samaphoyisa esiseduzane; noma
- (iii) kwiphini elisebenza ngolwazi lesifundazwe- noma lesiyingi; noma
- (iv) kwiphini likaZwelonke elisebenza ngolwazi.

**(3) IZIMALI ZESICELO**

Iphini elisebenza ngolwazi, emva kokuthola isicelo sokuthola amarekhodi esenziwe ngokugcwalisa kahle amafomu afanele, ngaphandle uma kuyisicelo esizodluliselwa kumunye umnyango, (njengoba kuchaziwe kwisigaba 5.2), kufanele agcwalise ifomu lokwazisa ngemali ekhokhwayo eliyifomu [SAPS 512 (b)] bese elinika lowo ofake isicelo. Ngaleyo ndlela lowo ofake isicelo uyokwaziswa ngemali ekhokhwayo kanye nendawo okukhokhwa kuyo (isiteshi samaphoyisa esiseduze, ihhovisi lesiyingi, ihhovisi lesifundazwe noma iHhovisi eliKhulu), ngaphambi kokuba kuqhutshekwe nokusebenza ngaleso sicelo.

Umuntu uxolelwa ukukhokha imali yokufaka isicelo uma lowo muntu—

- (a) engumuntu ozifakela isicelo ngokwakhe ("umuntu ozifakela isicelo ngokwakhe" umuntu ocela ukuthola irekhodi eliphethe ulwazi noma imininingwane ephathelene naye);
- (b) ocela ulwazi oluvele selusezandleni zomphakathi noma oluthathwa njengolutholakalayo; noma
- (c) oxolelwe nguNgqongqoshe wezobuLungiswa ngesimemezelo esisemthethweni esishicilelwe kuMqulu kahulumeni (iGazethi) ekutheni akhokhe—
  - (i) imali yokufaka isicelo; noma
  - (ii) ezinye izimali

**(4) UKUSEBENZA NGEZICELO**

**(a) UKUTHOLA UKUTHI IREKHODI LIKHONA FUTHI LIYATHOLAKALA**

Iphini elisebenza ngezolwazi lizothola ukuthi ubani umuntu oqondene nodaba olusesicelweni (okunguyena ophethe) futhi onegunya ekutholeni lelo rekhodi eliceliwe, bese edlulisela lesi sicelo kulowo ophethe. Ophethe yena-ke uzobheka ukuthi lelo rekhodi likhona noma lingatholaka yini.

Uma irekhodi eliceliwe lingatholakali, noma lingakaze libekhona, iphini elisebenza ngezolwazi kufanele libhale isitatimende esifungelwe (ukwenza ubufakazi) linikeze ngokugcwele zonke izinyathelo ezithathiwe ukuthola lelo rekhodi elifunwayo noma eliceliwe noma athole ukuthi lelo rekhodi likhona yini ngokuxhumana nabo bonke abantu okukhulunywe nabo abekade besiza ekulicingeni, besiza lowo ophethe izindaba zolwazi. Iphini elisebenza ngezolwazi kufanele bese ligcwalisa ifomu lesiNqumo sesiCelo sokuThola iRekhodi okuyi [SAPS 512(e) bese elithumela kulowo ofake isicelo.

**(b) ISICELO SAMUKELEKILE NOMA SINQATSHIWE**

Iphini elisebenza ngezolwazi kufanele ligcwalise ifomu lesiNqumo sesiCelo sokuThola iRekhodi okuyi fomu [SAPS 512(e)] bese elithumela kulowo ocelile, uma kuvumelana nemigomo ebekiwe eMthethweni, esikhathini esiyizinsuku ezingama-30 emva kokuba isicelo sitholiwe, emazisa loku okulandelayo —

- Ukuthi isicelo sokuthola ulwazi sivunyiwe (noma sinqatshiwe kanye nezizathu zokwenqaba);
- Indlela noma ulimu ulwazi noma irekhodi ezotholakala noma elizokhishwa ngalo;
- Imali ekhokhwayo ukuze kutholakale lelo rekhodi;
- Ukuthi angafakwa isikhalo ngaphakathi.

**(c) UKUHLEHLISWA KWESICELO**

Uma isicelo sokuthola irekhodi kungenzeka sivunywe, kodwa irekhodi eliceliwe —

- Lisazo shicilelwa;
- Kudingeka ngokomthetho ukuba lishicilelwe kodwa futhi lingaka shicilelwa; noma
- Selilungiselelwe ukufakwa noma kusiphi isishayamthetho noma kumuntu othile, kodwa libe lingaka thunyelwa,

Iphini elisebenza ngezolwazi lingahlehlisa ukutholakala kwalelo rekhodi.

Uma ukutholakala kwe rekhodi kuhlehlisiwe, iphini elisebenza ngezolwazi kufanele —

- Lithole ukuthi lelo rekhodi lizoshicilelwa ngaluphi usuku, noma lizothunyelwa nini kwisishayamthetho noma kumuntu othile;
- ligcwalise ifomu lesiNqumo sokuSebenza ngesiCelo okuyifomu [SAPS 512(d)] bese elisa kulowo ofake isicelo emazisa ukuthi –
  - ▶ Angakwazi ukuthola lelo rekhodi alicelile ngosuku olubhaliwe kwinothi [SAPS 512(d)] (lolu suku kufanele kube usuku lelo rekhodi elizoshicilelwa ngalo noma elizothunyelwa ngalo kwisishayamthetho noma kumuntu othile; kanye
  - ▶ Angaletha isikhalo sokuthi ukutholakala kwerekhodi kufanele kuhlehliswe kwiphini elisebenza ngolwazi esikhathini esiyizinsuku ezingama-30 emva kokukhiswa kweNothisi.

